# UGUGU INKALANKALA ENOBUNGANI

Sanibonani, igama lami ngingu Gugu, amagama abangani bami uNandi noThemba.




Siyizinkalankala ezincane ezintathu ezihlala ebhishi elise Mkhomazi, KwaZulu-Natal.







Sinamagobolondo aqinile avikela Imizimba yethu. 'Kusho u Nandi'

"Manje sesinezindawo eziphephile zokuhlala", sisho sonke.




Ngimatasatasa ngimba umgodi wami, ngisebenzisa izandla zami ezimise okwezikere ukuze ngikwazi ukukhipha isihlabathi emgodini, mase uNandi No Themba bebona umgodi wami, bazofuna ukumba eyabo nabo.

Sesiyakwazi ukungena ngokushesha emigodini yethu uma kunobungozi njengokuthi:



Abadobi nezinyawo zabo ezinkulu

noma

Izinja ezimba imigodi zisondela eduze kakhulu







Njalo ntambama uThemba uyaphuma emgodini wakhe asibize ethi "ngilambile", esho "Wozani sizobona ukuthi singayithola yini into esizoyidla!".

Thina sobathathu, kanye nabanye abangani bethu, sichitha isikhathi esiningi sasebusuku sisebenzisa amehlo ethu, lawa angaphambili kwamagobolondo ethu, Ukuthola izinhlanzi nokunye okuncane esingase sikudle.

Uma omunye wethu ebona okumnanjana siyakekela siyekhona, njalo sigijima lukeke ngezinyawo zethu eziyisishiyagalombili.




Kungani singakwazi ukugijima sibheke phambili?


Awuzame!

weee!

siyamhleka sonke ngenkathi/ uma ekhutshwa yilezinyawo eziyisishiyagalombili.



Kumele sigijime sikekele, uma kungenjalo sizolokhu sikhubeka sikhutshwa yizinyawo zethu eziyishiyagalombili.




Sichitha ubusuku bonke sidlala siphinde sidle. Uma sidla sisebenzisa izandla ezifana nezikere, ezibukeka njenge zinyawo zethu.

Maliphakama ilanga siphindela emigodini yethu siyolala.

ZZZZ

# IMIBUZO



## A

1) Izinkalankala ziyimba kuphi imigodi yazo?

2) Yini evikela imizimba yazo?

3) Zinezinyawo ezingaki zokugijima izinkalankala?

4) Akuphi amehlo azo?

5) Zidlani izinkalankala?

## B

1) Uyalazi elinye igama lezandla?

2) Nikeza elinye igama lokunyakaza ngokushesha.

3) Yiziphi ezinye izinhlobo zamagobolondo esizithola osebeni lolwandle?

## C

1) Uma kunezinkalankala ezinhlanu (5) olwandle, zingaki izinyawo zazo zokugijima sezizonke?

2) Mangaki amehlo ezinkalankala eziyishumi (10) sezihlangene?

3) Kunezinkalankala eziyishumi nane (14) olwandle, inyoni-seagull ibambe eziyisikhombisa (7), zingaki ezisele?

4) Izinkalankala ezingamashumi amathathu nambili (32) zigijime zaya emgodini yazo, eziyishumi (10) zalahleka, bese ezinye eziyisishiyagalombili (8) zidliwe, zingaki ezathola imigodi yazo?

Written by Rosemary Lang and Judy Mann
Translated by Bulelani Ntuli

Designed by Colette Bodenstaff

